Umlayezo KumaHeberu

NGESABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki funda ku: *Heb.1:5-14, Luka 1:30-33, iHubo 132:1-5, Heb. 2:14-16, Heb. 5:1-4, 1 Petru 2:9, Heb. 8:8-12.*

Indimana Yekhanda: **"Kepha okuyindikimba kwesikushoyo yilokhu: sinompristi omkhulu onjalo osewahlala ngakwesokuene sesihlalo sobukhosi soMkhulu emazulwini"** *(Heberu 8:1)***.**

Umqulu wamaJuda owawubhalwe iminyakana ngemuva kwencwadi yamaHeberu, ngabo 100 A.D., uqukethe lomthandazo: "Konke lokhu sengake ngakukhuluma kuWe Jehova, ngoba wathi wawenzela thina lomhlaba…Manje-ke, Nkosi, bheka, lezizwe ezithathwa ngokuthi ziyize, ziyasibusa, ziyasigwinya. Kodwa thina bantu baKho, obabiza ngezibulo laKho, elizelwe lodwa, elinentshisekelo ngaWe, nelithandeka kakhulu, sinikelwe ezandleni zazo."—James H. Charlesworth, ed., *The Old Testament Pseudepigrapha*, vol. 1, (New York: Hendrickson Publishers, 1983), p. 536.

Ngicabanga ukuthi abafundi bencwadi yamaHeberu nabo bezwa kanjalo. Uma bengabantwana bakaNkulunkulu kungani babedlula ekuhluphekeni okungaka?

Kanjalo-ke, uPawulu wabhala incwadi yamaHeberu ukuqinisa ukukholwa kwabazalwane phakathi kokuvivinywa kwabo. Wabakhumbuza (nathi futhi) ukuthi izithembiso zika Nkulunkulu ziyogcwaliseka ngoJesu, ohlezi ngakwesokunene sikaYise, nozosiyisa ekhaya kungekudala. Okwamanje, uJesu ungumlamuli wezibusiso zikaBaba esizozithola. Ngakhoke sidinga ukubambelela ekukholweni kwethu kuze kube sekupheleni.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaMasingana 6.*

UJesu UyiNkosi Yethu

Iphuzu elimqoka kumaHeberu ukuthi uJesu uMbusi ohlezi ngakwesokunene sikaYise *(Heb. 8:1)*. NjengoNkulunkulu, uJesu wayevele enguMbusi wamazulu. Kodwa kwathi ngokona kukaAdamu noEva, uSathane waba ngumbusi walomhlaba *(Johane 12:31, Johane 14:30, Johane 16:11)*. Kodwa uJesu weza, wanqoba uSathane esiphambanweni, wabuyisa igunya lokubusa labo abamamukela njengoMsindisi wabo *(Kolose 2:13-15)*.

Izahluko ezimbili zokuqala zamaHeberu zigxile ngokukhethekile ekugcotshweni kukaJesu njengeNkosi.

Funda: kumaHeberu 1:5-14. Kwenzekani la?

_____

_____

Lezindimana zihlelwe ngezigaba ezintathu. Isigaba ngasinye sethula umkhakha womkhosi wokubekwa kweNdodana esihlalweni sobukhosi. Okokuqala, uNkulunkulu wamukela uJesu njengeNdodana yaKhe yasebukhosini *(Heb. 1:5)*. Okwesibili, uNkulunkulu wazisa iNdodana emkhandlwini wasezulwini, bese umdumisa *(Heb. 1:6, 8)* ngesikhathi uNkulunkulu ememezela umbuso waphakade weNdodana *(Heb. 1:8-12)*. Okwesithathu, uNkulunkulu ubeka iNdodana esihlalweni sobukhosi—okuyikona kugidlabezwa ngamandla *(Heb. 1:13, 14)*.

Enye imfundiso ebaluleke kakhulu eTestamenteni eliSha ukuthi ngoJesu, uNkulunkulu wafeza izithembiso zaKhe ayezenze kuDavide (bheka u 2 Samuweli 7:16 noLuka 1:30-33). UJesu wazalwa ozalweni lukaDavide, emzini kaDavide *(Mathewu 1:1-16; Luka 2:10, 11)*. Esasebenza lapha emhlabeni, abantu babevame ukumbiza ngokuthi "Ndodana kaDavide." Wabethelwa ethweswa icala lokuthi uzibiza "ngenkosi yamaJuda" *(Mathewu 27:37)*. UPetru noPawulu bashumayela ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo ukugcwalisa izithembiso ezenziwa kuDavide *(Izenzo 2:22-36, Izenzo 13:22-37)*. Kanti uJohane uchaza uJesu njenge "Ngonyama yesizwe sakwaJuda" *(Sambulo 5:5)*.

AmaHeberu nawo ayavuma. UNkulunkulu ufeze izithembiso zaKhe kuDavide ngoJesu: uNkulunkulu wamnika igama elikhulu *(Heb. 1:4)*, wamgcoba njengeNdodana yaKhe *(Heb. 1:5)*, waqinisa isihlalo saKhe sobukhosi ngokwaphakade *(Heb. 1:8-12)*, wamhlalisa ngakwesokunene saKhe *(Heb. 1:13, 14)*.

Ngaphezu kwalokho, ngokwamaHeberu 4, uJesu uhola abantu baKhe baye ekuphumuleni kukaNkulunkulu, asikhumbuze ukuthi ungumakhi wendlu kaNkulunkulu *(Heb. 3:3, 4)*. Ngakhoke, uJesu ungumbusi osemthethweni osempini, elwa noSathane, iqili elifuna sithembeke kulona.

Singakuthola kanjani ukukhuthazeka, kakhulukazi phakathi kwezilingo, ngokwazi ukuthi uJesu uMbusi wamazulu?

_____

UJesu UMlamleli Wethu

Iphuzu elithathekisayo lezimfundiso zeTestamente eliDala ukuthi inkosi eyayithenjisiwe yozalo lukaDavide iyomela isizwe phambi kukaNkulunkulu.

Qhathanisa **uEksodusi 4:22, 23 no 2 Samuweli 7:12-14; Duteronomi 12:8-10 no 2 Samuweli 7:9-11; noDuteronomi 12:13, 14 neHubo 132:1-5, 11-14. Yiziphi izithembiso kuIsrayeli ezazizogcwaliseka ngalenkosi ethenjisiwe yozalo lukaDavide?**

_____

_____

UIsrayeli wayeyindodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayezobanika indawo lapho babezophumula khona ezitheni zabo. UNkulunkulu wayezokhetha nendawo phakathi kwabo lapho kwakuzohlala khona igama laKhe. Lezithembiso zikaIsrayeli zadluliselwa enkosini yesithembiso yozalo lukaDavide. Yayizokwamukelwa njengeNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu wayezoyinika ukuphumula ezitheni zayo, yakhele uNkulunkulu ithempeli eSiyoni lapho igama likaNkulunkulu laliyohlala khona. Lokhu kusho ukuthi uNkulunkulu wayezogcwalisa izithembiso zaKhe kuIsrayeli ngenkosi yesithembiso yozalo lukaDavide. Lenkosi yozalo lukaDavide yayizomela uIsrayeli phambi kukaNkulunkulu.

Ukufakwa kommeli kulobudlelwane phakathi kukaNkulunkulu noIsrayeli kwenza ukuthi kube into eqhubekayo lobu budlelwane besivumelwano. Isivumelwano ngokukaMose, sasidinga ukwethembeka kukaIsrayeli wonke ukuze bathole isibusiso sikaNkulunkulu nokuvikelwa nguYe *(bheka uJoshuwa 7:1-13)*. Isivumelwano ngokukaDavide sona satholela uIsrayeli izibusiso zikaNkulunkulu zesivumelwano ngokwethembeka komuntu oyedwa, lenkosi yozalo lukaDavide.

Ngeshwa, imvamisa yamakhosi ozalo lukaDavide ayengathembekile, ngakhoke uNkulunkulu wayengakwazi ukubusisa uIsrayeli njengoba wayefisa. ITestamente eliDala ligcwele umlando otshengisa ukuthi amaningi kulawo makhosi ayengathembekanga kanjani.

Izindaba ezimnandi ukuthi uNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe ukuzozalwa njengeNdodana kaDavide, yona-ke yethembeka ngokuphelele. Ngakhoke uNkulunkulu uyakwazi ukufeza ngaYo zonke izithembiso azenza ebantwini baKhe. Uma uNkulunkulu ebusisa inkosi, bonke abantu bayo bayahlomula. Kungakho nje uJesu enguMlamuli wesibusiso sethu esivela kuNkulunkulu. unguMlamuli ngoba isibusiso sikaNkulunkulu sigeleza ngaYe. Ithemba lethu lokusindiswa likuJesu nalokho asenzele kona.

Ake ucabange ukuthi kukangaki ungathembekile ukugcina ingxenye yakho yesivumelwano. Sifundani lapho ngokwethembeka ngokuphelele kuNkulunkulu ukuze sisindiswe na?

_____

UJesu uyiQhawe Lethu

Qhathanisa **u 1 Samuweli 8:19, 20 namaHeberu 2:14-16. AmaIsrayeli ayelindeleni enkosini, futhi lezo zifiso zagcwaliseka kanjani kuJesu na?**

_____

_____

AbakwaIsrayeli babefuna inkosi ezokuba umehluleli wabo, ibahole empini, ngoba bakhohlwa ukuthi uNkulunkulu iNkosi yabo. Ukubuyiselwa okugcwele kokubusa kukaNkulunkulu phezu kwabantu baKhe kwafika noJesu. NjengeNkosi yethu, uJesu uyasihola ekulweni nesitha.

AmaHeberu 2:14-16 achaza uJesu njengeqhawe labantu benyama ababuthakathaka. UKrestu ubhekana noSathane, amnqobe bebhekene bobabili, asikhulule ebugqilini. Lokhu kusikhumbuza impi phakathi kukaDavide noGoliyathi. Ngemuva kokugcotshwa njengenkosi *(1 Samuweli 16)*, uDavide usindisa isizwe sakubo ekubeni yizigqila ngokuhlula uGoliyathi. Kwakuvunyelwene ngokuthi onqobayo empini uyokwenza isizwe esinqontshiwe izigqila *(1 Samuweli 17:8-18)*. Kanjaloke uDavide waba yiqhawe lakwaIsrayeli. Wabamela.

Funda: **kuIsaya 42:13 noIsaya 59:15-20. UYahweh uzichaza kanjani kulezindimana?**

_____

_____

AmaHeberu 2:14-16 aveza umqondo othi uNkulunkulu uyosindisa uIsrayeli empini lapho kubhekene khona ababili. Qaphela lendimana ethathwe kuIsaya: “UJehova uthi ‘Yebo, abathunjwa bamaqhawe bangasuswa, nempango yabacindezeli iyakophulwa, kepha mina ngiyakulwa naye olwa nawe, ngisindise abantwana bakho’“ *(Isaya 49:25)*.

NjengamaKrestu sivame ukucabanga ukuthi silwa sodwa noSathane. Uma sifunda kwabaseEfesu 6:10-18, siyabona ukuthi, yebo, sisempini, silwa noSathane. Kodwa uNkulunkulu uyingqwele yethu, uyasihola empini. Siyinxenye yempi yaKhe; kungakho-nje kufanele sisebenzise izikhali zaKhe. Futhi-ke, asisodwa kulempi. KwabaseEfesu akukhulunywa ngomuntu oyedwa. Thina siyibandla, sithatha izikhali, silwe sihlangene, silandela ingqwele yethu enguNkulunkulu uqobo.

Kusho ukuthini ukuthatha izikhali zikaNkulunkulu? Emzabalazweni wethu wansuku zonke, silwa no “mina,” izilingo, njalo njalo, singazithathela kanjani amandla kaNkulunkulu ukuze sethembeke?

UJesu UnguMpristi Wethu Omkhulu

AmaHeberu 5-7 ethula umsebenzi wesibili obalulekile kaJesu. UnguMpristi wethu omkhulu. Umbhali uyachaza ukuthi uNkulunkulu ugcwalisa isithembiso ayesenzile enkosini yesithembiso yozalo lukaDavide, esithi "uyokuba nguMpristi waphakade ngokohlelo lukaMelkisedeki" *(iHubo 110:4 njengoba icashunwe kumaHeberu 5:5, 6, NKJV)*.

Funda: kuLevitikusi 1:1-9, Levitikusi 10:8-11, Malaki 2:7, Numeri 6:22-26, namaHeberu 5:1-4. Umpristi wayenza miphi imisebenzi na?

_____

_____

Abapristi babekhethwa ukuze bamele abantu, balungise ubudlelwane babo noNkulunkulu nezinto eziphathelene naYe. Umpristi wayengumlamuleli. Lokhu kwakuyiqiniso kuzo zonke izinhlelo zobupristi, noma olobuJuda, olwamaGriki, olwamaRoma, noma yiluphi olunye. Umpristi wenza sikwazi ukuba nobudlelwane noNkulunkulu, kanti noma yini eyenziwa umpristi ihlose ukukhulisa ubudlelwane phakathi kwethu noNkulunkulu.

Umpristi wenzela abantu imihlatshelo. Abantu abakwazi ukuzilethela lemihlatshelo kuNkulunkulu. Umpristi uyazi ukuthi singawuletha kanjani umhlatshelo "owamukelekile" ukuze izipho zethu zamukeleke kuNkulunkulu noma zikwazi ukusitholela ukuhlanzeka nentethelelo.

Abapristi futhi babefundisa umthetho kaNkulunkulu ebantwini. Babengochwepheshe bemiyalo kaNkulunkulu, futhi kuyibona abayichazayo nabayinika abantu.

Okokugcina, abapristi babenomsebenzi wokubusisa egameni lika Yahweh. Ngokusebenzisa abapristi, uNkulunkulu wazisa izinhloso ezinhle anazo ngabantu.

Kodwa ku 1 Petru 2:9, sibona okunye. Thina esikholwa kuJesu, sibizwa ngobu "pristi bobukhosi." Lesikhundla sihambisana namalungelo amangalisayo. Abapristi babekwazi ukuya kuNkulunkulu ethempelini. Namhlanje, siyakwazi ukuya kuNkulunkulu ngomthandazo, ngesibindi *(Heb. 4:14-16; He. 10:19-23)*. Kukhona nemisebenzi ebalulekile. Sidinga ukubambisana noNkulunkulu emsebenzini waKhe wokusindisa umhlaba. Ufuna ukuthi sifundise, sichaze izimiso zaKhe kwabanye abantu. Futhi ufuna senze iminikela yokudumisa kanye nemisebenzi emihle, emthokozisayo. Yeka lelo lungelo nokuziphendulela esinakho!

Kufanele kwenze mehluko muni empilweni yethu ukuthi nangempela "siwubupristi bobukhosi"? Leliqiniso lifanele libe namthelela muni endleleni esiphila ngayo?

_____

UJesu Uxoxa Ngesivumelwano Esingcono

AmaHeberu 8-10 agxile emsebenzini kaJesu enguMlamuli wesivumelwano esisha. Inkinga ngesivumelwano esidala ukuthi sasiyisithunzi sezinto ezinhle ezizayo. Izinkonzo zaso zazenzelwe ukufanekisa umsebenzi owawuzokwenziwa nguJesu ngesikhathi esizayo. Ngakhoke, abapristi babefanekisa uJesu, kodwa babengabantu futhi beyizoni. Babengakwazi ukuphelela njengoJesu. Futhi babesebenzela ethempelini eliyisifanekiso (*Heb. 8:5)* selasezulwini.

UJesu usebenza ethempelini langempela enze ukuthi sifinyelele kuNkulunkulu. Imihlatshelo yezilwane yayikhomba ukufa kukaJesu njengomhlatshelo wethu, kodwa igazi layo lalingeke ligeze unembeza. Kodwa ukufa kukaJesu kuhlambulula unembeza wethu ukuze sikwazi ukusondela kuNkulunkulu ngesibindi *(Heb. 10:19-22)*.

Funda: **kumaHeberu 8:8-12. UNkulunkulu wasithembisani esivumelwaneni esisha na?**

_____

_____

_____

Ngokubeka uJesu abe uMpristi wethu oMkhulu, uBaba wangenisa isivumelwano esisha esizokwenza lokho isivumelwano esidala esasikufanekisa. Isivumelwano esisha senza lokho okungenziwa kuphela umpristi ongumuntu futhi enguNkulunkulu, yena ophelele nowaphakade. LoMpristi oMkhulu akachazi kuphela umthetho kaNkulunkulu, kodwa uwuqopha ezinhliziyweni zethu. LoMpristi wenza umhlatshelo oletha intethelelo. LoMpristi uyasihlanza, asiguqule. Uguqula izinhliziyo zethu zisuke kweyetshe zibe yinyama *(Hezekeli 36:26)*. Ngempela usidala kabusha *(2 Korinte 5:17)*. LoMpristi usibusisa ngendlela emangalisayo ngokwenza sifinyelele phambi kukaBaba uqobo.

UNkulunkulu wenza isivumelwano esidala ukuze sikhombe esikhathini esizayo, emsebenzini kaJesu. Sasisihle ngokwenziwa kwaso nenhloso yaso. Kodwa abanye abayiqondanga inhloso yaso. Ngokungafuni ukushiya izifanekiso nezithunzi, bamukele amaqiniso amelwe yizifanekiso, baphuthelwa okuhle ababezokuzuza ngomsebenzi kaJesu.

“UKrestu wayeyisisekelo nempilo yethempeli. Izinkonzo zalo zazifanekisa umhlatshelo weNdodana kaNkulunkulu. Ubupristi bamiselwa ukufanekisa ukulamula kukaKrestu kanye nomsebenzi waKhe. Lonke uhlelo lokukhonza ngemihlatshelo lwalukhomba ekufeni koMsindisi ozosindisa umhlaba. Ayezophela amandla aleminikelo uma sekufika leso sigameko esikhulu eyayikhomba kuso kuyo yonke iminyaka.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 165.

Ukujula Nomcabango: Yize kukhona wonke amaqiniso amahleanika ithemba encwadini yamaHeberu, kukhona nochungechunge lwezixwayiso ezifika esiqongweni sazo ezahlukweni 10-12.

Lezigaba zinokubili okufanayo. Okokuqala, zonke ziqhathanisa isizukulwane sasehlane nomfundi wencwadi yamaHeberu. Okwesibili, zisinxusa ukuthi sibe nokukholwa.

Isizukulwane sasehlane yisona esabona amandla kaNkulunkulu amangalisayo esebenza ngezibonakaliso nezimangaliso ekukhululweni kwaso eGibhithe. Futhi sezwa uNkulunkulu ememezela imiyalo eyishumi entabeni yeSinayi, sabona insika yomlilo ebusuku, nefu elivikelayo emini. Sadla imana, isinkwa esivela ezulwini. Futhi saphuza amanzi ayevela emadwaleni yonke indawo lapho babemisa khona. Kodwa kwathi befika emngceleni wezwe lesithembiso, behluleka ukwethemba uNkulunkulu. Ababanga nokukholwa, okuyingqikithi yalokho okufunwa uNkulunkulu. “Ngaphandle kokukholwa akunakwenzeka ukumthokozisa” *(Heb. 11:6).*

UPawulu uthi nathi, njengesizukulwane sasehlane, sisemngceleni wezwe lesithembiso *(Heb. 10:37-39).* Amalungelo ethu nokuziphendulela kwethu, makhulu kunawabo. Asimzwanga uNkulunkulu ekhuluma entabeni iSinayi, kodwa sibonile eMibhalweni, kwembulwa kakhudlwana, uNkulunkulu entabeni yeSiyoni: uNkulunkulu ngesimo senyama, uJesu Krestu *(Heb. 12:18-24).* Nanku umbuzo: sizobanakho yini ukukholwa? Umbhali usikhuthaza ukuthi silandele isibonelo sohlu lwabantu olufinyelela kuJesu uqobo lwaKhe.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Sifundile ukuthi uJesu uyiQhawe lethu elisiholayo ukuya empini kuliwa noSathane. Singalwa kanjani sibambisene, simunye, njengebandla silandela iQhawe lethu? Yiziphi lezo zinto ezivimbela lobu bunye ukuthi kwenzeke? Yiziphi izindlela uSathane asithena ngazo amandla njengebandla? USathane wamthena kanjani amandla uIsrayeli endulo?

❷ Njengabakholwayo, singumphakathi wabapristi, phansi kobuholi bukaNkulunkulu. Ibandla lakho linganikela kanjani kuNkulunkulu ngemihlatshelo engcono yokudumisa nemisebenzi emihle? Sicela nichaze kahle ngokusobala, kube yizindlela ezisebenzayo.

❸ Isimo sethu sifana kanjani naleso sesizukulwane sasehlane ngaphambi kokuwelela ezweni lesithembiso? Singafunda ziphi izifundo kulokho kufana?